# *UKUTSHALA UMVINI NALAPHO OFANELE UTSHALWE KHONA*

Sinezinto eziningi kakhulu, kodwa Wena uyayazi inhliziyo yethu futhi wazi konke esikudingayo. Siyajabula kakhulu ukuthi singakuletha kuWe ngomkhuleko, sazi ukuthi Wena uyaqonda futhi wena uzosinika ukulunga kwaKho; hhayi ukuthi sikufanele, kodwa ngoba Wena wasethembisa khona. Ngineqiniso ukuthi kunezicelo eziningi ebandleni kulokhu ukusa, ngokugula nangodingayo. Futhi sizoziletha ngokuzithoba kuWe khona manje nje, sicela isihawu saKho esinomusa namandla aphilisayo, ngasinye sazo.

2 Sikhulekela futhi ukululama nalabo abangakwazanga ukufika ebandleni kulokhukusa. Futhi, ngabaningi ababuthene lapha manje. Abaningi bayagula futhi bayadinga. Siyababona nezinduku zokuqhugela nasezihlalweni, nezihlalo ezinamasondo, futhi baya—bayadinga umusa waKho. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzobapha khona, ngokuchichimayo. Kwangathi bangaphuma lapha, bethokoza, bephulukisiwe futhi bephile kahle. Abaningi ongakhombisi ukuhlupheka kwabo, kodwa, nokho, mhlawumbe inkathazo yenhliziyo isithi ayibathathe, noma umdlavuza, noma elinye idemoni elisabekayo. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi yena uzolahlwa kulokhu ukusa. Bazophuma lapha, bejabule, bekahle.

3 Sizokhumbula lowomfanyana o—ofayo. Besisanda kutshelwa kona, ngothandiweyo, ukuthi unomdlavuza futhi uzokufa namhlanje, uma umusa waKho ungendlalekeli kulowomntwana. O Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kulowomfanyana. Mnike ukukhululwa, Nkosi; uma kuba njalo entandweni yaKho yobuNkulunkulu. Sijabule kakhulu ngobufakazi bakhe, ukuthi wemukele iGazi laKho, kangangokuthi ucele ubabayi wakhe ukuba amngcwabe ngokubomvu, ukuze bezokwazi ukuthi ubembozwe ngeGazi. SiyaKubonga, Nkosi, ngokukholwa kobuqhawe bamaqhawe amancane, emasha eya phambili ukuhlangabezana nokuphela kwempilo, esingatha ezinhliziyweni zawo isiphambano, futhi lapho ekhombisa uphawu lweGazi. Uma konke kungenzeka, Nkosi, hawukela umfana omncane, makaphile. Sicelele abanye.

4 Futhi khona-ke, Nkosi, sikhulekela izinkonzo kulokhukusa. Kukhona abanye lapha, mhlawumbe, abangakwazi Wena njengoMsindisi wabo. Uma kunjalo, kwangathi lolu kungaba usuku abathola ngalo Wena uyigugu empilweni yabo, njengoMsindisi. Labo abadinga ukuphulukiswa, bathole

Wena njengoMphilisi. Nkosi, kwangathi Ungeza encekwini yaKho, kulokhu ukusa. Kwangathi ngingathola Wena njengoMshumayeli. Ngokuba, sinikela konke lokhu kuWe, sicela ukuthi Wena uzophendula ngeGama leNkosi uJesu. Amen.

5 Siyajabula njalo ukungena endlini yeNkosi, futhi kwi-Assembly yeFirstborn. Futhi bengi, njengenjwayelo, leyithi. Angicabanganga ukuthi bengizofika lapha, ngaphandle kokuthi ngizicelele ukugitshezwa. Leli yihlaya elihle kunkosikazi. Yena uhlezi phakathi lapha, ndawo ndawo. Uhambile namhlanje ekuseni, futhi bengiphansi endlini engaphansi ngitadisha. Futhi yena uthe, "Nginezikhiye, Billy." Futhi ngithola ukuthi, ubenezikhiye zegaraji, futhi. Angikwazanga ukungena. Ngibe nesikhathi esibi.

6 Futhi emva kwesikhashana, uBilly ungigejile, futhi uthe, "Ngiyamangala ukuthi kungani engakafiki." Futhi ungishayele ucingo.

7 Ngithe, "Woza masinyane." Ngathi, "Ngoba anginayo indlela yokufinyelela ebandleni." Ngakho-ke si. . .ngiyajabula ukuba lapha. Ngakho-ke, ngileyithi.

8 Kodwa, niyazi, lapho singena ngaleya kwelinye izinga, lapho isikhathi singasekho, siqala ukukhohlwa ngesikhathi. Konke kuxubana nePhakade, futhi asisekho isikhathi. Akunamkhawuko wesikhathi.

9 UPawulu kungahle kwenzeke ukuthi wayenokuthile engqondweni yakhe, ngalobobusuku ashumayela ngabo ubusuku bonke. Umfana wawa esakhiweni futhi kwambulalala. Futhi uPawulu walalisa umzimba wakhe phezu komfana, futhi ukuphila kwabuya futhi kumfana.

10 Ngiyakholwa ngitshelwe, ngumelusi, khona manje, ukuthi banengane encane abafuna inikelwe kulokhu ukusa. Ngakho-ke uma umama ezoletha umfo omncane, njengamanje, sizomethula eNkosini, yena owesilisa noma yena owesifazane, noma kungaba yini. Futhi ngithi ukuyithanda izinkonzo zokunikela. Ubungeza ngaphambili, Mfowethu Neville na?

11 Sawubona ekuseni, dadewethu. Ubani igama lomfo omncane na? [Umama ithi, "UFrank Wayne Dadden."—Umhl.] UFrank Wayne Dadden. Awuhlobene noRobert Dadden, uhlobene na? Frank Wayne Dadden, yena uneminyaka emingaki na? ["Amaviki ayisishiyagalombili."] Amaviki ayisishiyagalombili. Akakabi kulelizwe elinonya isikhathi eside kakhulu. Awu uyisithelo sokuhlangana kwenu. Futhi manje wena ufuna ukumyisa kuNkulunkulu, ukuthi angahle abe yinceku yaKhe. Ngabe kunjalo, dadewethu na? UNkulunkulu akubusise.

12 Awu, ngibambe igugu elincane lapha, obukekayo ngempela. Bukani kulokho, uFrank Dadden omncane.

Asikhuleke.

13 Baba waseZulwini othandekayo, ezinsukwini zokuhamba kwaKho lapha emhlabeni, esimweni somuntu, obizwa ngeNkosi uJesu, baletha kuWe abantwana abancane. Futhi Wabeka izandla zaKho phezu kwabo futhi wababusisa, futhi wathi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, futhi ningabenqabeli, ngokuba uMbuso ungowabanjalo." Lomama unikezela ezingalweni zami, namhlanje ekuseni, lomfana omncane, engimnikela kuWe. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Wena uzobusisa umfo omncane. Busisa ikhaya lakhe. Kwangathi angakhuliswa ekhaya lamaKristu. Emyalweni kaNkulunkulu, kwangathi angakhuliswa. Futhi uma kungaba khona ikusasa, kwangathi angashumayela iVangeli uma ligcotshwe kakhulu nguWe. Mnike impilo ende, ephilile. Busisa abazali bakhe. Kwangathi yonke into enhle Oyethembisile, ifike phezu kwalomfanyana. Umama umbeke ezandleni zethu, njengamalunga ebandla. Futhi manje simnikela kuWe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi Ungambusisa lomntwana. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Frank omncane. Ngicabanga ukuthi bamnene kabi kabi!

14 Bengifanele ngibakhulekele lapho nginogcobo...?... Sinamaduku lapha ukuba akhulekelwe, kodwa kungangcono ngenze lokho emva kokuba sesiqala ukukhulekela abagulayo, nogcobo lwenkonzo lufike. Khona-ke kuzobangcono uma sizobakhulekela ngalesosikhathi.

15 Ngiyajabula ukubona abangani bami abaningi ngaphakathi. Ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu Charlie Cox emuva lapho emhlanganweni. Kanti futhi ngibona uMfowethu John O'Bannon, ovela eLouisville. Nabanye abangani abaningi, nxazonke, engi—engibaziyo. Futhi ngakho-ke siyajabula ukuba nani ngaphakathi, nihlanganyela kanye nathi namhlanje ekuseni, ukukhonza iNkosi.

16 Manje silindele, emva kwesikhashana, ukuqala imvuselelo lapha yezinsuku ezimbalwa. Siyakhuleka kuze kube kulokhu ukuphela. Ngizizwela ukuthi uma uNkulunkulu engalethi imvuselelo, noma ayibeke phezu kwenhliziyo yethu, khona-ke imvuselelo ingumzamo wethu uqobo. Futhi khona-ke uma silinda, futhi Yena uzizwela ukuthi sekuyisikhathi semvuselelo, khona-ke Yena ucindezela lokho enhliziyweni yethu, khona-ke sizizwela ukuthi asibe nemvuselelo.

17 Omunye umngani ohlezi lapha, ubaba kaMfowethu Wood nomama, nomunye wabaphatheli bethu lapha ebandleni. Siyajabula ukuba nabo namhlanje ekuseni.

18 Futhi ngehla ngomgwaqo, izolo, umfo obehlala lapha edolobheni, lowo obengumfo omncane onokukhahla ngempela. Futhi bengihlale ngimthanda, futhi umfana okahle. Futhi unkosikazi wami wayakhelene nabo. Futhi ubewuhlobo lomculi,

nesazi somculi. Futhi wayevamise ukuhlala phezulu lapho futhi ambambathe unyawo lwakhe, efake isigqoko esikhulu samakhawa, nokushaya ivayolini. Kepha ubesebenza kwi-WPA. Futhi ngeliny'ilanga kukhona okwenzeka, obekuhlala njalo kungikhumbuza, noma kwahlala engqondweni yami, njalo, isikhathi eside. Akukaze kusuke. Wayenabantwanyana abaningana; unkosikazi othandekayo. Babempofu ukubampofu, njengoba sonke sinjalo.

19 Futhi ngibonile, ngimi esitebhesini, beshaye ujenga, belindele lelosheke le-WPA ukuba lifike. Umhambisi-posi uyakhuphuka ngesitaladi. Babejabule kakhulu. Ngosuku olulandelayo kwakuyiPhasika. Babezothola uswidi wePhasika noma okuthile, ukuthi lapho isheke likababayi lifika. Futhi lapho umhambisi-posi efika, wayengenalo isheke likababayi. Niyakubona lokho kuphoxeka kubukeka ebusweni balabo bafo abancane, futhi kwahlala njalo kunamathele kimi, ukuphoxeka okunjalo.

20 Ngigejile ukubona indoda, iminyaka. Futhi izolo, ngiza ngehla ngesitaladi, ngenkathi ngi . . . Unkosikazi nami besiphuma esuphamakethe, noma iQuaker Maid ezansi edolobheni, ubani engihlangane naye, ubuso nobuso, ngaphandle kwakhe na? Futhi enye yezinto zokuqala abebefuna ukungitshela yona, wayesebe ngumKristu. Wayengazange aphuze iminyaka. Futhi ngiyajabula ukuba nawe, Mnu. Logston, uhleli esihlalweni esingaphambili, lapha ebandleni, namhlanje ekuseni. Uyilunga lebandla likaMfowethu Junior Cash eCharlestown, e-Indiana, umfowethu okahle kakhulu. Kungcono kakhulu ukuba umKristu kunalokho okuyikho phandle lapho ezweni. Akunjalo na? Manje, ngicabanga ukuthi uyacula ezinhlelweni, futhi udlala umculo wakhe, enzela inkazimulo yeNkosi. Omunye nje umklomelo womusa omangalisayo kaNkulunkulu.

21 Ubungathanda yini ukusukuma, Mnu. Logston na? Angi . . . Lendoda yake yaba yisidakwa. Omunye walaba badlali bomkhosi womphakathi odanswa ngokuyisikwele, niyazi, ukushaya ivayolini nezinto. Manje konke sekuguqukele eMbusweni kaNkulunkulu, futhi uphandle lapha, ethi, "NgiyaKubonga, ngakho, Nkosi." O, lapho . . .

22 Bengitshela uMnu. Wood, izolo. Ngithe, "Lapho wena nomama, nifika ngaphesheya ngakolunye uhlangothi futhi nithole indlu yenu enkulu yesicebi, ngokunye ukusa lapho nijabule ngempela, nasezansi le ngaphesheya kwamagquma, naphakathi engoxweni, ndawo ndawo, lapho kunendlwana yezingodo eyakhiwe lapho. Lapho ngiphumela egosini, futhi ngifinyelela ngaleya futhi ngime egosini, ngiyohamba ngenanele kuzo zonke lezo zingoxe.

Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami;
Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
Ngangiphuphuthekile kodwa manje sengiyabona.

23 Ngitshele uMnu. Wood, ngathe, "Awu, mbambatha umama ehlombe, uthi, 'Akadunyiswe uNkulunkulu! UMfowethu Branham omdala uphumelele. Nanguya, ezansi lapho endlwaneni yakhe encane yezingodo.'" Uma ngike ngifike Lapho, kuyoba ngomusa omangalisayo weNkosi uJesu.

24 Manje singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngaphambi kokuvula iZwi.

25 Nkosi sinjengento efana neqembu labantwana. Sinezibonakaliso zobuntu, futhi, thina, umqondo wethu wokwemukela okuhlekisayo, inhlanganyelo yethu ndawonye. Manje siza kuleyongxenye engcwele kakhulu yanoma iyiphi inkonzo, ukufunda iZwi elingenakuphosisa likaNkulunkulu ophilayo. Ngizocela, Nkosi, ukuthi Uzokhuluma ngalo lonke iZwi. Kwangathi Lingaphuma futhi lizike ezinhliziyweni zabantu, futhi lizovuna isivuno elalihloselwe sona. Kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungafika phakathi kwethu manje, futhi uthathe lamaZwi azofundwa, futhi Uwahlukanise kithi, ngokwehlukana, njengoba sinesidingo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu nangenxa yaKhe. Amen.

26 KumaHubo 80, ngifisa ukufunda ingxenye.

*Yizwa, O Malusi ka-Israyeli, ohola uJosefa njengomhlambi; wena*. . .*hlezi phakathi kwamakherubi, khazimula.*

*Ebusweni buka-Efrayimi*. . .*uBenjamini noManase vusa amandla akho, avulele ukusindiswa kwethu.*

*Sibuyise, O Nkulunkulu,*. . .*ukhanyise ubuso bakho; futhi siyakusindiswa.*

*O* Nkosi *Nkulunkulu wamabandla, koze kube-nini uthunqela ngolaka* imikhuleko *wabantu bakho na?*

*Wabapha isinkwa sezinyembezi; wabaphuzisa izinyembezi ngesilinganiso esikhulu.*

*Usenza sibe-yinto ebangwa* umakhelwane *bethu: nezitha zethu zisihleka usulu.*

*Sibuyise, O Nkulunkulu-wamabandla,*. . .*ukhanyise ubuso bakho; khona siyakusindiswa.*

*Wakhipha umvini eGibhithe: waxosha abezizwe, watshala wona.*

27 Indaba yami kulokhu ukusa, uma iNkosi iyivumela, okwesikhathi esifushane nje, izoba sekutheni: *Ukutshala Umvini Nalapho Ofanele Utshalwe Khona.*

28 Kuyaxaka ukuthi uNkulunkulu, ezindaweni eziningi, umele abantu baKhe ngezindlela ezahlukene. Esikhathini esingeside esedlule besikhuluma lapho Asimela khona njengokhozi, futhi Yena lokhu eluKhozi qobo lwaKhe, futhi thina njengokhozi lwaKhe oluncane. Futhi ngithemba ukuthi yonke into izohamba kahle. Ngigcina ukukhuluma ngalokho, ngathola incwadi lapho . . . Lelodolobha elikhulu, abaningi benu bayazi ukuthi lalikuphi, e-Ohio, ukuthi inhlangano yabefundisi yahlangana ndawonye futhi yalahla izinkonzo zami ngenxa yokuthi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wabizela umuntu ekuPhileni okuPhakade ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Futhi ngokwenkolelo yami, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, futhi wayelokhu enguNkulunkulu, Uselokhu enguNkulunkulu, futhi wayelokhu enguNkulunkulu. Uma Wayengangazi ngaphambi kokuba izwe lize libe khona, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.

29 Iningi lenu belifunda lapha ezinkundleni ezikahle, nokunye nokunye, kulombono ophathelene nemuzwa omkhulu. Futhi okunye kwalokho kuye kwa, kusobala, kwabuyela emuva emuva enkonzweni yami. Kodwa, uma wake watadisha noma waba nanoma iyiphi indlela yokutadisha isayensi yezinganekwane, inganekwane: "into ebukeka sengathi injalo, kodwa ayinjalo."

30 Futhi emiBhalweni, sithola ukuthi uJambre noJane bamelana noMose ngokwenza ngokuphathekayo into efanayo abayenzile, ngokulahla phansi induku nokuphendula ibe yinyoka. UMose wabiza izinhlupho. Futhi babengazibiza izinhlupho, nabo, kodwa babengeke bazisuse izinhlupho. Babengeke baphilise, ngoba uNkulunkulu nguyena kuphela umphilisi. Kodwa babengabangela ukuthi izinhlupho zifike, khona-ke uMose wazisusa. Khona-ke elamanqamu lafika, lapho uMose enza nje ncamashi njengoba uNkulunkulu ayemtshele ukuthi akakwenze.

31 Futhi ngiyazi, konke lokhu okumayelana nakho, ezweni namhlanje, kungukuthi ekugcineni kuzofika kokukodwa okukhulu kwelamanqamu ngolunye usuku. Isizathu, iBhayibheli lathi, "Njengoba uJane noJambre bamelana noMose, ayoba njalo amadoda anengqondo yokunganaki, mayelana nokuKholwa, bamelane ezinsukwini zokugcina, kodwa ubuwula babo buyoba sobala." Yisiprofetho esifanele sigcwaliseke, futhi ningabona izinhlangothi zombili zivuka manje.

32 Kodwa uMose wenza khona impela uNkulunkulu amtshela ukuba akwenze. Waphonsa phansi induku yaphenduka inyoka. Futhi lezizanuse ziyaphuma futhi zaphonsa phansi izinduku zazo futhi zaphenduka inyoka. UMose wayesekupheleni kobuhlakani bakhe, nasekupheleni kwamandla akhe.

33 Kodwa yilapho uNkulunkulu afuna ukusithola khona, ekupheleni nje kwendlela yethu, khona-ke Uyangena. Kufana naYe nje. Mhlawumbe wena ugula kakhulu, namhlanje ekuseni, aze athi udokotela angeke uphile. Umuntu ominzayo uzofinyelela otshanini obomile. Yileyondlela okungayo uma sizama ukuthola . . . Konke lokho esingakusebenza, ngokwethu, lokho kungokobuntu, ukuthi sizokwenza. Kodwa uma kufika endaweni lapho kungekho elinye ithemba, labo ongakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu uyokholwa khona lapho-ke. Yilona themba labo kuphela.

34 Futhi uMose wayesekupheleni kokufinyelela kwakhe, khona-ke uNkulunkulu wangenelela futhi wabangela ukuthi inyoka yakhe idle nya inyoka yomunye umuntu. Khona-ke inyoka yakhe yayingasekho.

35 Manje, embonweni ophathelene nemizwa omkhulu, nasesayenseni yezinganekwane, nabo bonke abemimoya. Makuthi mina, ngaphambi nje kokuba ngiqale indikimba yami, nginiqondise ngalokhu, ngosizo lukaNkulunkulu, uma ngingakwazi. Udeveli angenza izinto zibukeke zilungile, kodwa ziyafakaza njalo ukuthi azilungile. Manje, abakaze bakwazi ukuthola isithombe sanoma yini yalemimoya lapha ebonakalile, ngoba empeleni ayikho lapho.

36 Kodwa lapho kufika isikhathi sokuthi uNkulunkulu afakazise kwisayensi, WayenguNkulunkulu, Wavumela ukuthi isithombe sithathwe. Kuhlala kuze kube phakade. Umhloli wathi, "UkuKhanya kwashaya ingilazi ilensi. UkuKhanya empeleni kwakulapho. Kwakungesiyo isayensi ephathelene nengqondo." Ngakho-ke, niyabo, uNkulunkulu akwenzayo kuyahlala.

37 Inyoka kaMose yagwinya nya inyoka yabanye. Futhi wayengayicosha ngesandla sakhe, futhi inyoka yabo yayingaphakathi kwaleyonduku. Lokho udeveli akwenzayo kuyinganekwane. Lokho uNkulunkulu akwenzayo kungokwangempela. Ngakho-ke, ngiyathanda lokhu kuzike kujule ezinhliziyweni. Uma uNkulunkulu esindisa umuntu, usindisiwe. Ungakhathazeki ngokulokotha ubuyele emuva; angeke. Lokho uNkulunkulu akwenzayo kuPhakade. Udeveli angakusebenza futhi akwenze ukholwe ukuthi wena usindisiwe. Kodwa uma uNkulunkulu empeleni ekusindisa, unakho inqobo nje uma kusekhona, ngoba unokuPhila okuPhakade. UJesu washo njalo.

38 "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe nguYe oNgithumileyo unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze aya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Lokho kungokuPhakade njengoNkulunkulu qobo lwaKhe, ngoba yiZwi laKhe.

39 UNkulunkulu unguNkulunkulu munye. Akasoze Azihlanganisa nezinye izinto, Akanakuhlukaniswa. UNkulunkulu unguNkulunkulu. Umyalo wokuqala, ungukuthi, "Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi."

40 Ngakho-ke angeke waxubanisa amafutha namanzi futhi ukwenze kusebenze kahle. Kuphakathi kokuthi amanzi noma amafutha. Futhi uNkulunkulu usenguNkulunkulu ofanayo. Sinenkolo exubanisayo futhi ithi, "UNkulunkulu waye, wake wenza *lokhu*, futhi akasakwenzi namhlanje," khona-ke sizama ukuhlanganisa amafutha namanzi. Ngoba, Yena . . .

41 UmBhalo wathi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Angeke nje kuxubane nokungakholwa; ukukholwa angeke.

42 Sinokukholwa kuNkulunkulu. Kuphakade. Ukungakholwa bekulokhu kukhona, kusukela ensimini yase-Edeni. UNkulunkulu ubehlale efuna abantu baKhe ukuba bakholwe yilokhu. Ubefuna babe nokuzethemba, noku—ukuzibonakalisa qobo lwaKhe phakathi kwabantu baKhe. UNkulunkulu unguMoya.

43 KuJohane oNgcwele isahluko 15, ivesi 1, uJesu wathi, "NginguMvini; ningamagatsha." Manje, igatsha noMvini kuhlanganiswe ndawonye. Futhi uNkulunkulu uzame njalo ukuthola abantu Angahlala kubo kakhulu, ukuze Engabonakalisa inkazimulo yaKhe phakathi kwabantu baKhe.

44 Ngakho-ke siyafunda lapha ukuthi uDavide wamemeza kakhulu, wathi, "O Nkosi Nkulunkulu, buyela kithi futhi. Sonile futhi saKufulathela. Wena Ohlala phakathi kwe-altare nekherubi, khazimula futhi." Ngokuba wayazi ukuthi ngesinye isikhathi WayenguNkulunkulu phakathi kwabo, futhi uDavide wayazi ukuthi WayesenguNkulunkulu. Abantu babezehlukanisile kuYe. UNkulunkulu akabange esaphinde akhazimule. Kwakungengenxa yokuthi Wayengeke esakhazimula. Kungenxa yokuthi abantu bavalela umusa waKhe kubo, ngesono sabo. Khona-ke uDavide uya endikimbeni yethu. AmaHubo 80:7.

45 Wathi, "Wasiphula umvini, waphuma eGibhithe, futhi wawukhipha futhi wawutshala endaweni ekahle." Lowo kwakungu-Israyeli, abantu bakaNkulunkulu lokho kwakuseGibhithe. Babengumvini omuhle. Babengabakhethiwe bakaNkulunkulu. Kodwa uma umvini omuhle ungabekiwe emhlabathini omuhle, angeke uthele izithelo ezinhle. Kuya ngokuthi umvini utshalwe kuphi, kuzonquma imiphumela yesivuno. Ngakho-ke, uNkulunkulu wacosha u-Israyeli, wamkhipha emhlabathini ongatheli lutho.

46 Kuyinto efana nanamhlanje. Sinawo, ezweni, amaningi amakhulu namakholwa amahle, futhi axutshaniswe kuwo wonke amabandla amahlelo. Avela emahlelweni ehlukahlukene nezindima ezehlukene zempilo. Yingakho, enkonzweni yami,

angikaze ngizame, nganoma yisiphi isikhathi, ukugijima ngehlele kunoma yimuphi umuntu othize noma yiliphi ihlelo elithize, ngoba, kuwo onke, ngabantu abalungile. Bangababiziwe bakaNkulunkulu nabantu abakhethiwe.

47 Ubungamlahla u-Israyeli ngenkathi wayeseseGibhithe na? Bavele nje baphuma ngonyawo olungafanele. Futhi izono zabo zazibehlukanisile no—noNkulunkulu, futhi babetshalwe eGibhithe.

48 Yileyondlela abantu abaningi abayiyo, emabandleni namhlanje, abantu abalungile betshalwe nje endaweni engafanele. Manje uma ikholwa langempela lilethwe kuKristu, futhi litshalwe ehlelweni elithile elikhulu elingakholelwa ezimangalisweni nezibonakaliso nezimangaliso zeNkosi, lowomuntu angahle abe ngumKristu wongoqobo, futhi iKatolika, iBaptisti, iPresbyterian, uFakazi kaJehova, okunye. Kulelobandla, uMvini wangoqobo kaNkulunkulu, kodwa isivumokholo sehlelo sinquma ukuPhila kwalowo Mvini. Angeke uthele isithelo saWo.

49 Futhi, ngokwejwayelekile, lezozithelo ozithola emvinini obhashile noma emhlabathini ongekho kahle yizithelo ezimbi. Kuzophuma njengama-apula, futhi abe ngamafindofindo futhi angadliwe isibungu. Liba isisulu sazo zonke izinambuzane.

50 Umvini onempilo ekahle awudingi ngisho ukuba ufuthwe. Uphile ngokwenele ukuba ulahle zonke izitha zawo.

51 Kukanjalo ngomKristu ozelwe ngokusha. Awudingi ukuba ubafuthe ngasosonke isikhathi, futhi ubambambathe emhlane. Baphile ngokwanele ngokukamoya ukulahla lonke ihlazo lezwe. Baphila ngokudla kweqiniso.

52 Isihlahla ngezinye izikhathi, lokho . . . noma isitshalo ebesikade sisezindaweni eziwugwadule, futhi singenawo umswakama owanele ukusisekela, sizothela isithelo esincane esimafindofindo, futhi asibukeki njengesithelo esifanele siphume emvinini waso.

53 Mfowethu, dadewethu, kuyilokho-ke ngamabandla namuhla. Isoni siyangena, ngemuva, mhlawumbe, ekhaya singena ngaphansi kokuhlabeka, siyahamba futhi sifunde iBhayibheli laso, futhi siye esontweni. Esikhundleni sokuthola amakhulu ama-apula ahlwabusayo noma amagilebhisi, ukuPhila kweNkosi uJesu kuphinde kwavezwa eBandleni, kuthola elincane, eliyifindo, elidliwe isibungu, lobuhlelo, imicabango engathi-shu. "Thina maBaptisti, sinakho. *Bona* abanalutho abangakwenza ngakho. Thina maMethodisti, sinakho." Izingalo zikaNkulunkulu zifinyelela kusukela olwandle kuye olwandle, futhi kusukela ogwini kuye ogwini, zingasindisa kuze kuyofika emkhawulweni. Kodwa yilokho esikutholayo ezindaweni lapho esiya khona.

54 KunjengoDavide futhi washo, futhi, kumaHubo 1. Wathi, "Ubusisiwe umuntu ongayikuhlangana nalaba bahleki abahleka usulu nabantu abangamesabi uNkulunkulu, angaxhumani nabo, angahlali esihlalweni kanye nabo. Niyazi, abahleki abahleka usulu bathi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ungukuzenzisa nje.' Ubusisiwe umuntu ongeke akwenze lokho. Ubusisiwe umuntu ozoma qekelele entweni enjalo. Abafuni ukuxuba lezo ndawonye. Futhi angeke uxube lezozinto ndawonye. Ubusisiwe umuntu ongeke azihlanganise nakweyodwa yalezozinto eziphika aMandla eNkosi."

55 IBhayibheli lathi, "Phumani kokunjalo, ngokuba usuku luzofika lapho beyoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika: labo-ke wobagwema."

56 "Ubusisiwe umuntu ongeke azihlanganise nalaba abahleki abahleka usulu, behlekisa, bebiza iBandla leqiniso, 'isigejane sezishisekeli.' Uyakufaniswa nomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi." UNkulunkulu umbeke endawaneni yokukhetha. "Izithelo zakhe azisoze zabuna. Uzothela amaqabunga akhe nezithelo enkathini yonyaka." Bukani ukuthi uDavide wakusho kanjani lokho. "Lomuntu ubusisiwe. Uzotshalwa," hhayi nje ukuhlala qekelele. Niyazi, ngiyathanda ukubona noma yini itshaliwe.

57 Manje, u-Israyeli, eGibhithe, wayengatshaliwe. Babehleli nje qekelele. Kwakungesiyo inkundla yekhaya labo lendabuko. Futhi indoda engumKristu, ephumuze isiphetho sayo saPhakade phezu kwesivumokholo esithile sehlelo, ayikho endaweni yayo efanele. Yazalelwa ukuba ikhululeke, nomntwana kaNkulunkulu, ukuba ikhonze uNkulunkulu. Kodwa ingaphansi kwesivumokholo, angeke ithele izithelo zayo, nokho okuthize kuyo kulangazelela ukukwenza.

58 "Yena uyakuba njengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi." Imifula, ubuningi; amanzi, ubunye. Imifula eminingi ingena emgudwini owodwa. Ngamany'amazwi, uzoba njengomuntu emBhalweni, okholwa yilo lonke iZwi likaNkulunkulu, lapho aMandla neziphiwo zikamoya eziyisishiyagalolunye zingageleza, ngoNkulunkulu oyedwa, kungene kwingaphakathi lobuyena lakhe impela.

59 Abantu abakholelwa ekumemezeni. Into yakho ingukuthi, abanayo injabulo yokomoya. Futhi izinjabulo zamanzi okuPhila zingageleza zedlule. Lokho yikho konke mayelana neTabernakele likaBranham, ngoba lokho kungakholwa, iminako yezwe ibophe abantu kuze kuthi angeke iveze ukukhula kokomoya.

60 Yileyo inkathazo ngesizwe sakithi. Yileyo inkathazo ngamabandla ethu. Abanayo injabulo. Futhi injabulo yeNkosi isukile. Njengoba kwakulotshiwe ngesinye isikhathi emBhalweni, igama lesiHeberu elithi Ikabodi, okusho ukuthi, "UBukhona beNkosi busukile." Lokho kuphezu kwamabandla ethu, ngenxa yokuthi sisukile esisekelweni sasekuqaleni, futhi sazifaka ezivumwenikholo nehlelo, futhi savumela izinto zezwe ukuba zomise ulwazi lwethu lokuzibonela noNkulunkulu.

61 O, hamba nami siye e-Arizona. Ake nginiyise ezingwadule, okungukuthi ngizulazule iminyaka eminingi kakhulu. Yonke into ogwadule inonamathela kuyo. Noma yisiphi isitshalo esincane oza kuso, ungasondeli kuso, sizokunamathela. Sihlala njalo sinonamathela baso khona ngqo, silindele ukunamathela noma yini esondela eduze kwaso. Yini indaba na? Yini eyasenza unamathela na? Yingoba asinamanzi. Yilokho okwasomisayo. Lowo namathela uyiqabunga, lisongiwe. Ngenxa yokuntuleka kwamanzi, siba unamathela.

62 Kukanjalo ngeBandla, namuhla, ukuthi uma ibandla lisuka eMthonjeni wokuPhila. Uma lisuka ezinjabulweni zensindiso, uma lisuka eNkosini uNkulunkulu, khona-ke lowomuntu uba unamathela, njalo ethola amaphutha, enamathela. Kungekudala uyakhuphuka, "NgiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. Ngingu *kuthi-nokuthi*. Ungakhulumi kimi ngaleyonto." Unamathela! Awunazithelo.

63 Wena thatha leso sitshalo esifanayo, umdolofiya, futhi uwufake ezweni izizukulwane ezimbalwa, lapho kukhona amanzi amaningi, futhi lowo namathela uyosombululeka futhi uyoba yiqabunga elithambile, uthele isithelo.

64 Yini indaba ngebandla namuhla na? Libekwe langena ehlelweni, lokho kufake izivumokholo zehlelo futhi kwalibopha, akukho kujabula, ukufafaza nje manje, bese kuthi-ke, okwemvuselelo encane ukuyibamba. Elidinga ukuba yikho, ukuphuma phakathi kwabahleki abahleka usulu nabangakholwayo, futhi litshalwe ngasemifuleni yamanzi.

> Ngokuba kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli.
> Lapho izoni, abangakholwayo, zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Kusuke lonke ibala lazo ecala.

65 "Umuthi," uDavide wathi, "otshalwe ngasemifuleni yamanzi." O! UNkulunkulu angeke azigelezise Yena uqobo edlule emdolofiyaneni.

66 Manje, amanzi amele ukuphila. Siyazi ukuthi uMose ehlane, washaya iDwala, futhi lakhipha amanzi okuphila kubantu ababhubhayo. Futhi uJesu wathi, "Njengoba uMose

ashaya idwala ehlane, futhi kanjalo iNdodana yomuntu ifanele iphakanyiswe," futhi Washaywa.

67 Ukuphila kusengqamuzaneni legazi. Futhi lokho kuPhila angeke kuphume kuze kube ingqamuzana leGazi liyaphazamiseka futhi lephuke.

68 Ngenkathi uNkulunkulu ekhipha u-Israyeli, Wabazama, njengesizwe. Wabasiphula e-Gibhithe, phakathi kwabangakholwayo. Wayesebangenisa ekunakekeleni komusa waKhe, emaphikweni okhozi, lolokhozi olukhulu, uMose, lowo owabahola besuka endaweni baya endaweni, ezama ukubangenisa esimweni, ukuba bawelele ngapesheya. Iminyaka engamashumi amane Wabahola wabondla ehlane. Futhi Wondla umhlabathi, umhlabathi omuhle, umhlabathi okhethiwe. Futhi Wakhombisa isimangaliso saKhe, izibonakaliso nezimangaliso, iminyaka engamashumi amane ehlane. Waveza izimangaliso nezibonakaliso, ngalomprofethi, ukukhombisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Ubani owayengomisa ulwandle nkwe ngaphandle kwaKhe na? Ubani owayengashaya iGibhithe ngaphandle kwaKhe na? Ubani owaba nesibindi sokuphakamisa isandla ngaphandle kwaKhe na? Kodwa, phakathi kwakho konke lokho, WayenguNkulunkulu, futhi Wazibonakalisa Yena uqobo enguNkulunkulu. Ngokuqinisekile Wayefuna abantu baKhe benze njalo.

69 Khona-ke Wacwilisa umhlabathi wasePalestina, ngegazi lezimbuzi nelamathole, izinkunzi, izimvu. Kodwa abantu abakumelanga. Kwakungenele, ngoba impilo yenkunzi . . . Ingqamuzana legazi lephuka, futhi ukuphila kwesilwane kwabuya, kwakungeke kuvumelane nempilo yomuntu.

70 Ngelinye ilanga, uNkulunkulu wayephokophelele ukuthi Uzosindisa abantu baKhe, iBandla laKhe elimiselwe ngaphambili. Wayefanele akwenze, qobo lwaKhe, ngoba Wakumisela ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

71 Umuntu uyisehluleki, futhi uyohlala enjalo. Uyisehluleki, kwasekuqaleni nje, futhi uyohlala eyisehluleki.

72 UNkulunkulu, ekumiseleni kwaKhe kwangaphambili, engqondweni yaKhe uQobo engenamkhawulo, wahlela icebo lokubeka phansi uMvini wangempela. Futhi Watshala kulomhlaba, uMvini, uMvini wokulunga; hhayi ihlelo, hhayi ibandla, hhayi isivumokholo, kodwa uMuntu, qobo lwaKhe, enziwe inyama. Futhi Wabonakalisa ukuthula kwaKhe, aMandla aKhe, iNgelosi enkulu kaNkulunkulu. UJehova omkhulu wayenaYe. Futhi kuYena kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Futhi abantu abaMkholwanga; futhi abaMkholwa ngoba Wayengeke abambisane nesivumokholo sabo.

73 Ekugcineni, baMholela eKalvari. Lapho lelongqamuzana leGazi lalephuliwe, leNdodana kaNkulunkulu eyigugu, uMzimba uJehova ayehlala kuwo. Lapho kwaphuma uMvini, nezimpande zaWo eNkazimulweni, namagatsha aWo emhlabeni, ukuveza iBandla likaNkulunkulu ophilayo, lokho okuyokhombisa ukuvuka kwaKhe naMandla aKhe. Ubani laba besilisa nabesifazane abebeyophika leloBandla, uMvini kaNkulunkulu ophilayo na? Ukwehluleka njalo. . . Ubukhona beNkosi uJesu neBandla laYo, ukuphila, nokukhombisa obala amagatsha aKhe amiselwa ngaphambili, lawo Awabamba ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi wafunga, ngalabo, ukuthi Uyobavusa. Futhi iBandla laKhe, namhlanje, nenkazimulo yokuvuka kwaKhe ihlala kuLo! "NginguMvini; nina ningamagatsha." Njalo uma inhliziyo ishaya, igazi lishaya ukushaya komthambo kuwo onke amalungu omzimba. Njalo uma inhliziyo eqotho kaNkulunkulu ishaya, ishaya ukushaya komthambo ngeGama likaJesu Kristu, eBandleni, "Noma yini eniyakuyicela eGameni laMi, lokho Ngiyokwenza. Nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe."

74 Akumangalisi uPetru asho, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakugcwaliswa ngokuPhila okuvela eMvinini." UMoya oNgcwele ukhipha iGama laKhe, ukuthi, uma sixhumene naYe. Yena uxhumene noNkulunkulu, ngoba WayeyiMpande neNzalo kaNkulunkulu.

75 Weza emhlabeni. "Umhlaba wenziwa nguYe. Weza ezweni; futhi izwe aliMazanga."

76 Futhi manje, namhlanje, Yena, emva kokufa kwaKhe, ukunikela ngengqamuzana leGazi, ukwephula, ukuthi ngeGazi likaJesu Kristu iBandla lingangcweliswa futhi lihlelwe. Ukuthi, uMoya oNgcwele omkhulu, ongukuPhila koMvini, ukuPhila okuPhakade koMvini, lowoMoya oNgcwele ungashaya ukushaya komthambo kulolonke ilunga leBandla likaNkulunkulu ophilayo.

77 Akumangalisi bengabantu abayinqaba nabangajwayelekile. Akumangalisi beziphatha ngokuxakile. Abasenazindaba zalomhlaba nhlobo, ngokuba bafile futhi bambelwa kuKristu, futhi bavuselwe ekuphileni okusha, ukuba babeyizithelo zokuqala zalabo abajabulela ukuvuka kokomoya, ukuthi uMoya oNgcwele uzohamba wedlule kulo lonke ilunga, nokuveza inkazimulo kaNkulunkulu, njengoba uNkulunkulu akhombisa iGibhithe ngenkathi Eletha uMvini.

78 Manje, kukhona umvini wasendle. IBhayibheli likhuluma ngawo emaKhosini esiBili. Futhi nike naqaphela, ngenkathi lomshumayeli ephuma ukuyobutha uphizi, wathola umvini wasendle. Leyomivini yasendle ifanele ikhule isondele

ekholiji ndawo ndawo, ngoba kwakuyisikole sabaprofethi. Futhi wacosha ithanga ligcwele izintangazana. Wazijikijela eketeleni, futhi wazama ukukuxuba nokwangempela, ukudla kwangempela. Futhi bamemeza bathi, "Kukhona ukufa embizeni."

79 Mfowethu, kunomvini wasendle otshaliwe, futhi ukhula ngasesivumweni-kholo, ihlelo. Futhi ngenkathi ufika phandle lapho, uvalela yonke injabulo yokomoya. Futhi into yokuqala niyazi, lowomvini ufile.

80 Kodwa uNkulunkulu uphokophelele ukuthi umvini waKhe ngeke ufe. Ngakho-ke WaWusiphula, wawukhipha kulezozivumokholo, futhi waWugcwalisa ngoMoya oNgcwele, futhi waWubeka phansi, eGameni likaJesu Kristu. Lapho leloBandla lingashaya ukushaya komthambo futhi liphile, futhi lijabule, lizizwele uBukhona bukaNkulunkulu ophilayo, limbhekisisa Enyakaza enza izinto Azenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni.

81 Ngani na? Amagatsha aKhe, ukuxhumana kwaKhe, impande yaKhe, ukuqala kwaKhe, kwakunguNkulunkulu. WayeyiWundlu elahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngaphambi kokuba kube khona izwe, WayenoNkulunkulu. WayeyiMpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, uMnduze wesiGodi. Lowo Wayenguye.

82 Izimpande zakhe zisongwe zazungeza uNkulunkulu, zazungeza isiHlalo sobukhosi, zazungeza uMbuso kaNkulunkulu. Izimpande zaKhe zisongiwe. UkuPhila kwaKhe kululekele emhlabeni. Futhi Wanikela ngokuPhila kwaKhe, ukuze Engahle abuyele ezimpandeni futhi ashaye ukushaya komthambo futhi, ukuveza amagatsha kulowoMvini, okuyiBandla laKhe likhombisa imiphumela efanayo Ayenzayo ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ukumenza abe Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

83 O Bandla likaNkulunkulu ophilayo, kholwani yilokhu, iQiniso! NaNgo-ke. Lapho uMoya weqiniso kaNkulunkulu uhamba phezu kwekholwa, noma yini umBhalo oyishoyo, lizothi, "Amen." Ngani na? NguMoya oNgcwele owaloba iBhayibheli, ukulo, ushaya ukushaya komthambo empilweni yalo. Alinendaba nokuthi ubani ohlezi ngakulo, noma ngabe ubani uthini. Kuhlala kwabelana neZwi.

84 Kukhona okungamanga. Yizintangazana. Kuphuma emvinini wasendle. Ngumvini omkhulu, umboze umhlaba wonke, kodwa ungukufa. Okuningi kwalokho kuphonswe phakathi kwabantu.

85 Kodwa, khumbulani, "iMpuphu" ukubuyisela emuva ekuPhileni, kusiphule futhi ukubeke endaweni enhle, enguKristu Jesu. Noma ngabe yini iZwi laKhe eliyikho, maLibe ngu "amen," kuwe. Khona-ke uMoya kaNkulunkulu, khona-

ke, injabulo yokomoya iyogeleza njengomfula. "Uyakuba njengomuntu, umuthi, otshalwe ngasemifuleni yamanzi. Amaqabunga akhe angeke abune. Akayi kuhlala esihlalweni sabaklolodayo noma ongakholwayo, noma umuntu ongamesabi uNkulunkulu ophila ngezinto zezwe, kodwa uzothela izithelo ngenkathi yazo yonyaka." Hlobo luni lwesithelo na? Uma utshalwe kuKristu, uzoletha isithelo sikamoya, izithelo zikamoya zikaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele uhlala kuwe.

86 Kwakhulunywa kahle, ngowesifazane emthonjeni. Ekuvaleni, singasho lokhu. Wathi, ngenkathi eMbona, Wayebukeka njengomuntu ojwayelekile. Kwakungekho lutho okugqa ngaLo, okugqamile, njalo.

87 Ngokuba umBhalo wathi, "Akukho buhle ukuba siMfise. Safihla ubuso bethu kuYe."

88 Futhi benza into efanayo namuhla. Uma bengahlumi izithelo zokomoya zikaMoya, uma zingahlumi phezu kwezinto eziphathelene noNkulunkulu, uKristu uyinto embi kubo, "Isigejane sabangqiki abangcwele, isigejane sabantu abahlanyayo abangenayo ingqondo yabo ekahle."

89 Kodwa, ekholweni, liyaKusingatha. KungukuPhila okuPhakade. Akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu. Nakufa, noma ukudabuka, noma indlala, noma lutho olungasehlukanisa. Sivikeleke Phakade ezivikelweni zaKhe. Nakho lapho sikhona, lapho lingatha lesosiphambano.

90 Owesifazane washo, ngenkathi . . . Wabuza umbuzo, "UngaNgiphuzisa na?"

91 Wathi, "Kodwa akusilo isiko kuWe, indoda, umJuda, ukubuza umSamariya, mina uqobo, umbuzo onjalo."

92 Wathi, "Kodwa ukube bewazi . . ." Ngamanye amazwi, kanjena, "Ukuba ubuwazi ukuthi usondele kangakanani eMthonjeni wokuPhila, beNgizokunika amanzi obungeke uze lapha ukuzokha. Ngizokutshala, wena mSamariya. Ngizokulethela, wena soni." Lowo ngongakholwayo, futhi akakholelwa kuLo. "Uma uzoNgivumela ngikusiphule kulokhu ukusa, Wathi, Ngizokutshala ngasemifuleni yamanzi. Ngizokubeka ngokwendawo, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuthi uzokholwa yilo lonke iZwi eNgilishoyo ukuthi liyiQiniso. UzoNgivumela ngikusiphule, kulokhu ukusa, uyoba yigatsha elihle. Awusiyena owalesosivini sasendle. Ungowanga*lapha*, ngakho maNgikusiphule; ngikutshale eGameni laMi, ngaseceleni kwemifula, konke okusizayo kweZwi likaNkulunkulu. Ngokuba lonke iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. Sonke isithembiso sobuNkulunkulu siyiQiniso. Ngizokutshala ngasemifuleni yamanzi awodwa, uNkulunkulu oyedwa. Futhi uzothela isithelo, ngenkathi yakho yonyaka. Amaqabunga akho angeke abune. Futhi noma yini oyenzayo izophumelela. Uzoma lapho kungekho enye indawo yokuma.

Uzoma, noma kanjani, wazi ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso. MaNgikusiphule," Washo, "futhi ngikutshale ngalapha ngakulaManzi, ukuze unga—ungadingeki ugijimele kulezizindawo zezivumokholo, nezindawo zamahlelo, ukuthola. Angeke uKuthole lapho, empeleni. MaNgikusiphule, ngakulomthombo omdala owomile lapha, ofanele uthathe amabhakede ethini, futhi ugunquzise futhi uqophisame, futhi uphuze kancane, futhi ubuye futhi uphuze kancane. Ngizokunika ukuPhila okuPhakade, injabulo, njengomthombo, uphuphuma ungene ekuPhileni okungunaphakade. Makuthi Mina. MaNgikwenzele lokho," uKristu washo kowesifazane, isoni.

93 Futhi Usho into efanayo eBandleni kulokhukusa. Niyazi kukhona uNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi ukhona uNkulunkulu. Kodwa enhlanganweni yenu, okuthile kuyakusika. Usogwadule. Akukho ukujabula kokomoya. Ningathanda ukuzizwela njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste. Beningeke nithande yini ukuba nenjabulo ababenayo na?

94 Lapho uNkulunkulu ethululela ukuPhila kwaKhe, egatsheni lokuqala lesihlahla, lesosihlahla siqala ukuziphatha njengabantu abadakiwe. Babhadazela ngaphansi komfutho kaMoya. Abathandekayo, abesifazane abancane abangcwele njengentombi uMariya, phandle lapho enza sengathi wayedakiwe. O, wayedakwe nguMoya. Futhi wayezama ukukhuluma, futhi wehluleka. Wayenezindebe *ezingingizayo*, okusho ukuthi "ezehlukene," ngukungingiza, uzama ukusho okuthile. Wayegcwele kakhulu uMoya, wayengeke akusho. "Ngi-ngi-ngi-ngi," izindebe ezingingizayo. Khona-ke, khona manjalo, ngolunye ulwimi, bamemeza.

95 Futhi umshumayeli omncane owayengazi ngokwenele ukubhala igama lakhe uqobo esiqeshini sephepha, waphendula ibhokisi lensipho noma okuthize, noma isiphunzi, futhi wagxumela kuso.

96 Awu, labo abangakholwa baqala ukuthi, "Lababantu badakiwe. Lokho yileso sigejane sabagingqiki abangcwele."

97 Lomfo omncane wacosha umBhalo; hhayi incwadi yesivumokholo, kodwa umBhalo. Wathi, "Nina madoda akwa-Israyeli, nani enihlala eJerusalema, makwazeke lokhu kini. Ngokuba laba kabadakiwe njengoba nicabanga ukuthi banjalo, nibona ukuthi kuseyihora lesithathu losuku. Kodwa lokhu yi*lokho* okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, 'Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthululа uMoya waMi,' yilokho okushaya ukushaya komthambo kubo."

98 Ningathanda ukuncothulwa esivumelwaneni esidala sohlobo oluthile, bese nibekwa ngaseMthonjeni wokuPhila, lapho kungukuthula njengomfula na?

99 Ukufa, qobo lwakho, umfanyana emi ngaleya, egcwele umdlavuza, kodwa wemukele uMoya oNgcwele. Futhi odokotela bamtshela ukuthi uyafa. Ubaba wakhe wambuza, "U—uyesaba na?"

100 Wathi, "Ngilungele. Ngilungele. Futhi ukushiya ubufakazi kulelizwe, ngingcwabeni ngokubomvu, ngokuba kuyoba yisibonakaliso sokuthi iGazi likaJesu Kristu lingimbozile."

101 Yilokho eLikwenzayo. Injabulo, njengomfula, ingangena ebusweni bokufa, ingangena ebusweni bezwe, ingangena ebusweni bokulingwa, ime phambi kwabagxeki futhi ikhanye njengeNgelosi. Ngani na? Impilo yakho ayisiyo eyenu uqobo. Nifile, futhi nimbelwe eGameni likaJesu Kristu, navuswa futhi ekuPhileni okusha. Angashaya ukushaya komthamo ngani, isibusiso saKhe, futhi aveze amagatsha axhumene noMvini. "Ngizowabeka endaweni yekhethelo." UNkulunkulu washo ukuthi iNdodana yaKhe yayingukukhetha kwaKhe.

102 Ungena kanjani kuKristu na? Wathini uPetru ngoSuku lwePhentekoste, kungenwa kanjani kuKristu na? Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nabantwana benu, nakulabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Lokho kubandakanya nani, ukubiza. "Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu. Isithembiso ngesenu."

103 O, mfowethu, uMoya weqiniso kaNkulunkulu uzoshaya ukushaya komthambo kuLokho, uthi, "Yiqiniso lelo." Buka lezozintangazana nomvini wasendle. Kodwa uMoya kaNkulunkulu weqiniso, ofuna ukutshalwa endaweni yekhethelo, lapho izithelo zikaMoya.

104 Futhi uJesu wenzani ngaleyonkathi na? Wathi, "Ngokuthi lowo owesifazane ufuna ukwamukela lokho . . . "

Wathi, "Nkosi, ngiphe lawoManzi. Ngifuna lawo Manzi."

105 Wathi, "Shiya imbiza yakho endala ihleli lapho. Awusalidingi lolohlobo lwembiza yamanzi. Awudingi incwadi yakho iletha esivumwenikholo sakho. Shiya indlela yakho yePresbyterian yokuzazisa, yeBaptisti, yeMethodisti, yePentecostal, ilale ngemuva. Khuphukela eMthonjeni lapha. Futhi Ngizokugcwalisa kakhulu ngenjabulo ezogobhoza njengomfula."

106 Njengonsundu omdala wathi, "Ngithole ukuthula njengomfula." Kugeleza imini nobusuku. Ebusweni bokufa, kugeleza ngokufanayo.

107 UPawulu wathi, "Kufa luphi udosi lwakho na? Futhi thuna kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa akabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngoJesu Kristu." Impela.

108 WaMbuka. Uqala ukukhuluma naYe ngendawo yokukhonzela. Futhi Wathi kuye, "Hamba ulande indoda yakho." ("Ngizomazisa uma uNkulunkulu esaphila. NginguMvini.") "Hamba ulande indoda yakho."

"Ngani," wathi, "Anginandoda."

109 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu, naleyo ohlala nayo manje asiyo yakho."

110 Owesifazane waphenduka. Kwakuyini na? Ukufakelwa kwakhe—kwakhe, impilo yempilo yakhe, lapho ayenqampunwe khona kulesisihlahla esidala sesivumokholo, sasibambelele, ngenkathi ukushaya komthambo kokuqala kukaNkulunkulu kwakungene emagatsheni akhe.

111 "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Futhi ngiyazi umBhalo washo ukuthi uMesiya uzofika futhi Uzokwenza lento."

Wathi, "NginguYe. NginguYe."

112 Washiya lesosivumokholo esidala silele lapho. Ngamandla onke nje ayengahamba ngawo, waqala ukusakaza izindaba. "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Ngabe akusuye Lona impela uMesiya na? UMesiya nguNkulunkulu ogcotshiwe. Waqonda Yena ngokuthi unguNkulunkulu, u-Imanuweli umprofethi, uNkulunkulu.

"NginguMvini. Nina ningamagatsha."

113 Owesifazane wathi, "Awu, nina bantu, nina maJuda nikhonza phezulu eJerusalema. Ninebandla elikhulu phezulu lapho, nesivumokholo."

Owesilisa wathi, "Ngiyakwazi lokho."

Owesifazane wathi, "Sikhonza kulentaba lapha."

114 Owesilisa wathi, "Ngiyakwazi lokho. Kodwa isikhathi siyeza, futhi manje yisona, lapho lezozivumokholo zaseJerusalema, noma lesisivumokholo saseSamariya, singeke sisasebenza. Ngokuba uNkulunkulu unguMoya, futhi nalabo abaMkhonzayo bafanele baMkhonze ngoMoya nangeQiniso."

115 Lelo yigatsha elibambe iQiniso. "Phendukani, nonke, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu," futhi niyakuxhunyaniswa negatsha. Niyakuba nalezi, into efanayo, ngokuba uMoya kaNkulunkulu uzoshaya ukushaya komthambo ngawe, ulethe kuwe, imifula yokujabula, ukuthula, ukubekezela, ukukholeka, ubuvi, ubumnene, ububele. Uzokunikeza, wenze kusukela . . . Kusukela empisini, uzokwenza iwundlu ngawe. Kusukela kuklebe, uzokwenza ijuba. Niyabo? NguMoya kaNkulunkulu ophilayo oguqula imvelo

yakho. Manje ngena kuYe, futhi ufakelwe futhi ube ngelinye lamagatsha aKhe. Ngokuba ngokunye usuku . . .

116 Lowolayini wokuPhila obekwe phansi kanjena, ungukuPhila kukaKristu, uMoya oNgcwele, uhhukwe noMbuso kaNkulunkulu. UNkulunkulu uzokwehla kulelogatsha laPhakade, ngolunye usuku, nabo bonke labo abafele kuKristu Uyobaletha naYe, lapho Ephakamisa isiHlahla futhi. Esitshalwe ngasemifuleni yokuPhila, lapho isiHlahla esihlala siluhlaza asibuni noma silahlekelwe amaqabunga aSo.

117 Lapho Kufinyelelisa igatsha kuwe kulokhukusa, mngani wami othandekayo, Kwemukele, futhi usiphulwe ukhishwe esonweni sakho, usiphulwe ukhishwe ekungabazeni kwakho, ukhishwe esivumwenikholo sakho.

118 Angisho ukuthi shiya ibandla lakho. Hlala nebandla lakho, kodwa woza kuKristu. Yilokho-ke. Angikhathali ukuthi ukhonza kuliphi ibandla, inqobo nje uma uza kulowoMthombo ogcwaliswe ngeGazi.

119 Yemukela ukuPhila kwaKhe, futhi maKukuphakamise, kukuphakamise ekunconyweni yizwe, kuze kuthi zonke izinto zezwe. "Othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye." Angeke wafaka ukuphila kwethanga emvinini wamagilebhisi, futhi ulethe amagilebhisi. Niyabo? Uma ungokaKristu, uzothanda izinto zikaKristu. Ugcwaliswe ngoMoya. Ungu . . . Yena unguMvini; nina ningamagatsha. MaKanemukele namhlanje ekuseni, njengoba Enza kowesifazane waseSamariya, futhi beka impilo yakho eMpilweni yaKhe, futhi akwenze isidalwa esisha.

Ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

120 Ngaphambi komkhuleko, kungabakhona yini abangaphakamisa isandla sabo, bathi, "Ngikhulekele, mfowethu. Ngifuna ukuxhunyaniswa kakhulu noKristu." UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho. O, lokho kuyamangalisa. "Ngifuna ukuxhunyaniswa kakhulu, kuKristu, ukuthi impilo yami izokhanyela Yena. Ngikhiphe (kokwami) konke ukwesaba, nokungabaza, nezingxaki, nezivumokholo. Futhi ngitshale kuYe, kulokhukusa, lapho engingaba nokuthula njengomfula. Nginovalo kakhulu. Angazi lapho ngiyakhona. Angazi ukuthi ngingama kanjani. Ngibeke lapho."

121 Manje sisakhothamisa amakhanda ethu, nina eningakwazi, eniphakamise izandla zenu, ningama ngezinyawo zenu, nenzele izwi nje lomkhuleko na? Nje . . . Sizonikhulekela, khona lapho enikhona. Isizathu, sine . . . Sukumani nime ngqo ngezinyawo zenu manje, ukuze sizokhuleka.

122 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kuthatha kubo, yonke ingxaki. [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . ukuzihlanganisa

nokungamesabi uNkulunkulu kwakho; ukuhamba ekuKhanyeni okusha, kusukela kulolusuku kuqhubeke. Siphe khona, Nkosi.

123 Wena wathi, "Celani, niyakwamukeliswa. Funani, futhi niyofunyanwa. Ngqongqothani, futhi niyakuvulelwa." Manje bayangqongqotha. Ngiyacela. Kwangathi bangakwemukela, Nkosi. Kwangathi lolusuku lungaguqula izimpilo zabo ngendlela yokuthi, kuze kuthi akuyikuphinde kube nokunye ukungabaza engqondweni yabo. Futhi kwangathi bengeza eKhaya kuWe, ngaloloSuku.

124 Bamile, Nkosi, kulokhukusa. Bamele Wena manje, phambi komuntu ongumufo wakubo. Wena wathi, "Oyokwenza into enjalo, Ngiyommela phambi kukaNkulunkulu neziNgelosi ezingcwele. Kodwa uma enamahloni ngaMi, khona-ke, ngaloloSuku, Ngiyoba namahloni ngaye." Nkosi, abanamahloni, kulokhukusa. Bamile. Manje, Wena uyaligcina iZwi lakho. Bagcwalise ngoMoya waKho, futhi ubanikeze impilo yokukhonza, ukuthi, ezweni elizayo, bangahle bajabulele uBukhona obuhlala bungahluleki beNkosi uJesu. Kusukela kulolusuku, emva kwalokhu, sibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

125 UNkulunkulu akubusise. Othile akaxhawule . . . eduze kwabo, baxhawule, loyo oseduze kwabo.

Kukhona umthomb- . . .

126 Manje umlayezo usuphelile. Manje khonzani iNkosi. Nithi nje ukuvala amehlo enu.

. . . iGazi,
Elimuncwe kweka-Imanuweli . . . (Lowo kwakunguNkulunkulu, u-Imanuweli.)
Nezoni, abangakholwayo babhukuda . . .

Sheshani, gijimani, wozani.

. . . 'phansi . . .
Lisusa lonke ibala lecala lazo.

Lisusa . . .

127 Mkhonzeni nje manje ngoMoya. Vumela inhliziyo yakho ikhululeke. Anginandaba ukuthi ukhonza kuliphi ibandla. Nje, enhliziyweni yakho, "NgiyaKubonga, Nkulunkulu othandekayo."

Nezon- . . . 'phansi kwethantala,
. . . icala labo . . .

128 Manje ngifuna niphakamise isandla senu, nina maKristu, manje, makholwa, futhi nicule leli nami.

Selokhu ngokukholwa ngabona lowomfudlana
Amanxeba aKho agobhozayo ahlinzekela,

Hhayi isivumokholo manje, khumbulani.

Uthando oluyisihlengo selube yindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.
Futhi luyoba yiyo ngize ngife,
Futhi luyoba . . . oluyoba ngolwami . . . ngife;
Hlenga- . . . (Hhayi umhleki ohleka usulu.)
Kodwa uthando oluyisihlengo, lube yindikimba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

129 Nikuqondile, kuYe na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Makube njalo.

*Ukholo Lwami Lubheka Kuwe.* [Umshayi we-ogani uqala ukudlala—Umhl.]

130 Bangaki abagulayo nabadingayo, kulokhukusa na? Emva kokomoya, udinga usizo lokwenyama. Phakamisa isandla sakho, khona-ke sizokubona. "Ngiyadinga, Mfowethu Branham. Ngi—ngilapha. Ngiyagula. Angi—angilulami nje. Ngizamile. Ngiyile kudokotela. Ngenze konke ebengikwazi ukukwenza, kodwa nje angiphumeleli, kubukeka sengathi. Kodwa ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongisindisa." Uyakukholwa lokho na? Leso yisithembiso saKhe.

131 Manje, ngabe utshalwe ngasemifuleni yaManzi na? Maphi aManzi na? Lowo Kristu oshayiwe; ukuthi, njengasedwaleni kwageleza amanzi, ukusindisa abantu ababhubhayo ekufeni. UKristu washaywa, futhi emzimbeni waKhe kwaphuma uMoya oNgcwele, ukuze abantu ababhubhayo bangafi kodwa babe nokuPhila okuPhakade. Ngabe ni . . . Kunezinto eziningi ezahlukahlukene.

132 UNkulunkulu uthembisa ukuphulukisa. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yalinyazwa ngenxa yobubi bethu; ukujeziswa kokuthula kwethu kwakuphezu kwaKhe; ngemivimbo yaKhe siphilisiwe." Imifula, imifula yaManzi awodwa, uMoya oNgcwele.

133 "Kukhona, kuqala, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi," imifula yaManzi awodwa.

134 "Kukhona ukwahlukana kweziphiwo. Abanye babizelwe ukuprofetha. Abanye babizelwe, banikwa isiphiwo sokuphulukisa. Abanye banokuhlakanipha. Abanye banolwazi, ngoMoya ofanayo. Abanye bakhuluma ngezilimi. Abanye bayahumusha. Konke ngoMoya ofanayo," AbaseKorinte bokuQala 12. Kuyini na? Imifula, imifula yamanzi amaningi, amanzi amaningi.

135 Imifula eminingi yaManzi awodwa, uMoya oNgcwele unikeza izipho eziningi nezibusiso ezivela kuyo yonke indawo. Uletha iziphiwo ezicebile, futhi, iziphiwo zokuphulukisa, iziphiwo zensindiso, iziphiwo zikaMoya oNgcwele ukuba

usebenze ebandleni lakho naphakathi kwabantu. Imifula! Nenjabulo njengomfula nesiphethu. Kuhle kanjani!

> Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> Msindisi waPhezulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa sonke isono sami,
> O makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe wonke . . .

136 Manje, Nkosi, lowo ngumkhuleko wethu. Asizukujaha. Leli yisabatha. Lolu usuku Olwenzile. Sifanele siKukhonze usuku lonke. "Usuku lonke nobusuku bonke," imbongi yathi, "iziNgelosi ziyabheka njalo." Manje siyazozwela ukuthi Ziseduze.

137 Baba Nkulunkulu, ngikhulume into el'khuni kakhulu. Kodwa angikwenzanga . . . Hlola inhliziyo yami, Nkosi. Uma ngikwenze ngenhliziyo embi, khona-ke ngithethelele. Kodwa ngikwenze ngothando ngenxa yegatsha laKho, uMvini waKho. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi uma bekhona lapha abaxhumene namahlelo amakhulu, khumbulani . . . Angizami ukubacela ukuthi baphume kulokho. Ngibacela kuphela ukuba bangaboshelwa phansi nesivumokholo sabo, kodwa ukuba beze kuWe, futhi bakhululwe futhi batshalwe, noMoya uthululelwe phakathi. Khona-ke ibandla labo lizoba yibandla elingcono, ibandla likamoya, Olizelayo, elingenabala noma elingenambimbi, eligezwe eGazini leWundlu. Lelizwe lobuhlakani, namhlanje, Baba, liqhelile kakhulu kulokho. Bafuna izixuku ezinkulu namasonto amakhulu, njengomvini wasendle. Kodwa, Nkosi, si—sinamathela kulesosithelo esimnandi, lesosithelo sikaMoya, esiletha ubumnandi emphefumulweni wethu.

138 Siyacela manje ukuthi Ubusise lababantu abagulayo abeza ngaphambili ukuba bakhulekelwe. Nkosi, ngingaphinde futhi ngicele Wena, Ungalingcwelisa leligatsha elingafanele, ngeGazi laKho na? Ukuthi uMoya waKho uzothululelwa kulo, likhombise uNkulunkulu ophilayo, ukuthi Wena unguNkulunkulu ofanayo owakhuluma kowesifazane emthonjeni. Kwangathi kungaba njalo, ukuthi abantu bangahle babe ngale kokudideka, ukuthi bangahle babone lapho uMoya kaNkulunkulu ngempela ulele khona, kusenhliziyweni yekholwa, hhayi ebandleni elithile, kodwa enhliziyweni yokholwayo. Siphe khona, Baba. Ngizolinda Wena manje, ukuba Wena uzibonakaliseze Wena uqobo, njengoba Wazibonakalisa ezinsukwini zakudala. Njengoba Wazibonakalisa Wena uqobo ngoJesu, Owafa ukuze thina sihlanzeke, ukuthi uMoya ofanayo owawukuYe ungahle ufike ngathi, ungenise imiphumela efanayo. Siphe khona, Baba. Ngokuba nginikela konke kuWe, eGameni elithandekayo leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

139 Kulungile, Teddy, *Kholwa Kuphela*. Manje bangaki phakathi lapha . . . uBilly uthe ukhiphe amakhadi omkhuleko.

140 Manje kade si, ebandleni, siminyene, sithatha nje futhi sicela bonke lowo oyisihambi phakathi kwethu ukuba asukume, futhi sidedela uMoya oNgcwele ukuba uphumele kulabobantu futhi wehlukanise kanjalo. Sikwenzile lokho, izikhathi eziningi. Manje, emavikini ambalwa edlule, omunye uthe, "Kodwa kunzima kubantu ukuba bakucabange lokho. Kodwa bafuna umugqa womkhuleko." Ngakho-ke si . . . Bangaki obekade elapha ngenkathi uMoya oNgcwele uya ngaleya esixukwini futhi wathatha wonke umuntu esixukwini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela.

141 Manje, ngitshele uBilly ukuba akhiphe amakhadi, ukuze sizobabiza, ngamaqembu, futhi sibakhulekele, niyabo, ukuze sedlule kukho.

142 Ngakho ngakho-ke, futhi masinyane emva kwalokhu, bazoba nenkonzo yombhaphathizo wenu nina enifisa ukubhaphathizwa. Sizoninikeza indawo, isikhathi, emizuzwini embalwa nje.

143 Okokuqala, sikhulumile ngalokhu. Sikhulumile ngaloMvini, lelifa likaNkulunkulu. Manje, uma lokho kuyiqiniso, khona-ke uma ngokweqiniso siyigatsha elimiselwe ngaphambili kulowoMvini, khona-ke lowoMoya oNgcwele ofanayo uzofanele uze ngathi. Futhi uma Ukwenza, Uzokwenza into efanayo Owayenzayo ngaYe, ngokuba UnguMvini. Thina singamagatsha. Futhi uma . . . UkuPhila okusemvinini kufanele kube segatsheni, ukwenza igatsha liphile. Uma lithela okwehlukile kulokho lowoMvini owakuthelayo, khona-ke ngumvini ongalungile. Yilokho engizama ukukusho. Kuzofanele kube ukuPhila okufanayo.

144 Manje, ubani onamakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho! . . . ? . . . Kulungile. Liqala kuphi, kusukela kwelokuqala kuye emashumini amahlanu, noma kwelokuqala kuye ekhulwini na? Noma, bangaki abaziyo na? Ingabe a—amakhadi omkhuleko ngaphambi . . . Linda. Manje, obani onelokuqala na? Ngabe likhona ikhadi lomkhuleko elokuqala na? Ngabe likhona na? Awu, sizoqala kuphi, khona-ke, amashumi amahlanu na? [Omunye uthi, "Elokuqala kuye emashumini amahlanu."—Umhl.] O, o, lapha, elokuqala kuye emashumini amahlanu. Kulungile.

Yima khona lapho, niyabo, elokuqala.

Elesibili. Elesibili. Kulungile, yima khona lapho.

145 Elesithathu, ikhadi lomkhuleko lesithathu. Ngabe ukhona endlini na? Bangasukuma na? Ngiyaxolisa. Bayabathola, yonke indawo. Elesithathu, ungeza lapha, nenekazi na?

146 Elesine. Ngubani onekhadi lomkhuleko lesine na? Hamba uqonde lapho, nenekazi. Elesine, ngilibonile lelo na? Ngabe yilowo . . . Ubani onelesine na? Kulungile.

Elesihlanu, elesithupha, isikhombisa, isishiyagalombili. Isishiyagalombili, elesishiyagalombili.

147 Isishiyagalolunye. Manje linda lapha. Elesishiyagalombili, isishiyagalolunye. Abanye abantu baphumile, ngakho-ke kungahle, kungenzeka kube ngoyedwa. Elesishiyagalolunye.

148 Eleshumi, eleshumi nanye, eleshumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu.

149 Whewu! [UMfowethu Branham uyathula imizuzwana engamashumi amabili—Umhl.] Nginabane noma abahlanu abangekho. Ngakho-ke sizofika kukho. Mhlawumbe baphumile. Uma noma ubani engena, Mfowethu Taylor, bhekisisa futhi ubone ukuthi banawo yini amakhadi omkhuleko laphaya. Bengenise bathi nyelele emgqeni, uma uzokwazi. Uma bangahle baphumele emuva lapho ndawo ndawo.

150 Manje ngizocela inhlonipho yokuzithoba ephelele, futhi nje yiba nje nokuthobeka.

151 Bangaki phakathi lapha ogulayo futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Ningaziphakamisa izandla zenu futhi nithi, "Ngiyagula futhi ngiyadinga futhi anginalo ikhadi lomkhuleko." Kulungile. Manje bhekani ngapha nikholwe. Kulungile.

Manje, Mfowethu Teddy, kancane ngempela.

152 Manje, uma lababantu bengangeni, singaqhubekela phambili nomugqa womkhuleko, kwenye indawo. Kodwa sizolinda, ukuze sibanike indawo.

153 Manje, lapha yisikhathi sokuthi yonke into engiyishilo izofanele ifakazelwe ukuthi iqinisile noma iyiphutha. Alisho yini iBhayibheli ukuthi, "Vivinyani konke. Nibambisise okuhle"? Manje uma . . . uJesu, enguMvini kaNkulunkulu, esonge wazungeza isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, waveza ukuPhila okuPhakade eBandleni, futhi singamagatsha alowoMvini. Niyabo?

154 Watshala u-Israyeli ePalestina. Akusebenzanga. Babanjenge . . . Izithelo zabo zabuna njengebhola elisakhowe. Liyakhula liyephezu ngobusuku, futhi lihambile, kukhombisa ukuthi kwakungalungile. Kwakungenalo "iPhakade."

155 Kodwa izithelo ezikuKristu Jesu ziyohlala kuze kube phakade. Zifanele zikwenze. Futhi uma uMoya waKhe, owawukuYe, usaphila nanamuhla, Akusilo ihlelo eliyibhola elisakhowe. NguNkulunkulu ophilayo oveza ukuPhila

okufanayo Akwenza. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

156 Manje, ngeke nje kuphafuze bese kuthi, “O, lezozinto zazingezolunye usuku. O, Kuyinto into efana na*lena*.” Uma kukwenza, uzosiphulwa, kulokhukusa.

157 Kungokwangempela. UkuPhila kwangempela. NguKristu wangempela. Manje unokholo nokukholwa, futhi ungangabazi nokukodwa okuncanyana ngaphandle kokuthi uNkulunkulu ukhona ukuphilisa abagulayo.

158 Manje, nina eningenalo ikhadi lomkhuleko, uma nizokhuleka futhi nje nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, khona-ke—khona-ke uNkulunkulu uzokwenza, uNkulunkulu uzonipha izinto enizicelayo. Bangaki abakukholwayo lokho manje na? [Ibandla ithi, “Amen.”—Umhl.]

159 Manje ngifuna ukunibuza into eyodwa futhi. Uma uNkulunkulu ezokwenza okunjalo. . . Manje asibone ukuthi ngabe ukhona yini kulomugqa noma ubani engimaziyo. Akukho muntu lapho engimaziyo.

160 Yebo, Dadewethu Logston. Awusuye uDadewethu Logston na? Unguye na? [UDadewethu Logston uthi, “Angikho emgqeni.”—Umhl.] O, awukho emgqeni. Ngi—ngiyaxolisa.

161 Ngicabanga ukuthi bonke labobantu bayizihambi kimi manje. Ngabe lokho—ngabe kunjalo na? Angazi lutho ngani. Phakamisani izandla zenu uma lokho kunjalo. Lapho, kwenzeke kanjani lokho na? Kwenzeka kanjani nje lokho, ngokwehla nje nokukhipha umugqa wonke wamakhadi omkhuleko, noma ngubani owafunayo lapha, ngisho nakulabo mhlawumbe abakwenzile. . . a—abashodayo na? Kwenzeke kanjani lokho na? Umugqa ophelele lapho, akekho noyedwa lapha manje etabernakele. Angikholwa ukuthi lokho kwake kwenzeka phambilini.

162 Manje nina eningenalo ikhadi lomkhuleko. Kwakukhona owesifazane owacindezela wadlula esixukwini, ngesinye isikhathi, futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe, ngoba wathi, “Ngiyakholwa. Anginandaba ukuthi umpristi uthini, noma ngubani omunye. NgiyaMkholwa. Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizophiliswa.” Niyayazi indaba na? Futhi wathinta ingubo yaKhe. Futhi Waphendukela kuye owesifazane futhi wamtshela ukuthi udaba lwakhe lokopha lwase kunqamukile. Ukukholwa kwakhe kwakumphilisile. Niyazi ukuthi lokho kuyiQiniso na? [Ibandla ithi, “Amen.”—Umhl.]

163 Awu, UngumPristi oMkhulu ofanayo kulokhu ukusa. UsesiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu. IZwi laKhe, lokho ngamagatsha aKhe. IZwi likaNkulunkulu lahhukwa esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwaletha ukuPhila, uKristu Jesu. Ngalokho

kuPhila, kwaletha amagatsha, kuletha ukuPhila okufanayo Kuvela esiHlalweni sobukhosi. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Khona-ke Uhlezi, isimo sezimpande zaKhe namhlanje, sisesandleni sokunene soMkhulu eZulwini, ukuletha ukuPhila okufanayo ngeBandla laKhe. UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Lelo yiqiniso. Akusilo na? ["Amen."] Manje kholwani yilokho ngayo yonke inhliziyo yenu.

164 Uma Ekwenza lokhu, bangaki kini bantu abagulayo laphaya ozokwemukela na? Nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, Teddy . . . [UMfowethu Branham ukhuluma nomshayi we-ogani.]

165 Manje nakhu kumi owesifazane, lowo ophakamise isandla sakhe ebengingamazi. Futhi uNkulunkulu uyakwazi lokho, ngokwazi kwami, angikaze ngimbone phambilini.

166 Yena kungenzeka ngisho ukuthi uvela kulelidolobha. Angazi. Angisaazi noyedwa kubantu abathathu. Abantu abasha bangenile. Ngangivamise ukwehlela edolobheni, nga—ngangazi wonke umuntu. Manje angisazi noyedwa, kulukhuni, ngoba konke sekuvele kwangena.

167 Angimazi owesifazane. Akangazi. Kodwa uma lokho kuPhila okufanayo okwakulowoMvini, okwethembisa ukuthi igatsha liyoletha umugqa ofanayo nalowo o . . . ukuPhila okufanayo uMvini owakulethayo. "Okholwayo yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza, futhi." Ngabe lowo ngumBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UJohn oNgcwele 14:8. Kulungile.

168 Manje, uma umsebenzi Awenzayo, wakhuluma nowesifazane emthonjeni futhi wamtshela into eyayiyinto efihliwe empilweni yakhe; uma lowoMoya oNgcwele ofanayo, kulokhu ukusa, uzosebenza ngebandla lapha, futhi ukhulume ngami, futhi utshele lona wesifazane into ethize ayizele lapha, noma into ethize ebikade isempilweni yakhe, noma enye into ethize aziyo ukuthi angazi lutho ngayo. Ngoba, uma ngingamazi yena, awu, a—angazi lutho ngaye. Umile nje lapha.

169 Kodwa uma lowoMoya oNgcwele uzokunika lokho, okungenakuphosisa. Nanti iZwi likaNkulunkulu, lwakwethembisa. Silapha sobabili, sithi, sobabili, "Asikaze sazane, asikaze sibonane." Uma uMoya oNgcwele uzokwembula lokho, khona-ke, lokho kuPhila okufanayo okwakukulelogatsha kusaphila, noma eMvinini, njalo, kushaya ukushaya komthambo wedlule egatsheni. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingasipha khona.

170 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Manje, manje yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela, nonke.

171 Sihlangana okokuqala, owesilisa nowesifazane, kuyinto efanayo okwakuyiyo emBhalweni. UNkulunkulu uyakuvumela lokhu, mhlawumpe, ukuthi abantu, ngoSuku lokwaHlulela, bebeyokwazi, bengabi nazaba. Uma noma ngubani ezohamba kulokhukusa, ngaphandle kokutshalwa kuKristu, ngaphandle kokwazi ukulunga kwaKhe nomusa waKhe; ngaphandle kwawo lapho, bekuyoba nethuba elincane kakhulu, bengiyokufanisa, ngoSuku lokwaHlulela. Lapho iZwi selishunyayeliwe, futhi khona-ke uma uMoya waKhe . . .

172 Niyabo, kunento eyodwa, ukushumayela okuthize. Uma EnguNkulunkulu womlando, khona-ke yilokho nje Akwenza emlandweni. Kodwa uma ngempela EnguMvini, futhi thina singamagatsha, khona-ke igatsha liyingxenye nje kakhulu. UkuPhila okuseMvinini kushaya ukushaya komthambo ngqo kwedlule egatsheni, niyabo, ngakho-ke kuzofanele kuveze into efanayo. Wakwethembisa. "Okholwayo yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza."

173 Manje, uma ugula, futhi, lokho—lokho angikwazi. Kodwa uma ugula, angeke ngikuphilise, ngoba Yena usevele ukwenzile lokho.

174 Kodwa kungahle kube ukuthi uBukhona baKhe lapha bungakwenza uqonde ngokuphelele ukuthi Yena ulapha. Khona-ke lokho kungavusa ukukholwa kwakho ukuba ukwamukele. Niyabo? Yileyondlela obekungenza ngayo ezethamelini. Obekuyokwenzela lona wesifazane, bekuyonenzela nina ngamunye. Manje kukholweni nje lokho.

175 Isizathu, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaYo siphilisiwe." Saphiliswa. Le esikhathini eside esedlule, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlule, insindiso nokuphulukisa kwafika ngaleyonkathi.

176 Manje wena uthi, "Ukhulumela ini, Mfowethu Branham na?" Ngibona lokho uMoya oNgcwele obuyokusho. Angimazi owesifazane.

177 Futhi indawo elukhuni ukwedlula zonke engake ngaba nayo ukuba nomhlangano, yikhona lapha. Isizathu, yilokho uKristu akusho, "Umprofethi ezweni lakubo uqobo, phakathi abantu bakubo uqobo." Niyakubona na? "Waya kwabaKhe, nezinto eziningi Akazenzanga." Wasuka wahamba. Manje, akungenxa yaleliqembu elincane lapha. Akusikho lokho. Ibandla lami, bayangithanda futhi bayangikholwa. Kodwa yinto engumsuka yangaphandle. Futhi iZwi likaNkulunkulu lasho. Lasho njalo.

178 Kodwa ngi—ngiyama umzuzwana nje, ukubona ukuthi uMoya kaNkulunkulu uzongigcoba ukuba ngithole. Manje, owesifazane ungumoya futhi owesifazane uyinyama. Ngolunye usuku umoya uzohamba, bese kuthi-ke inyama iyobola. Umoya uya kuNkulunkulu Owawunikayo. Nanku umoya, futhi, umi

lapha, kodwa umelwe emzimbeni wenyama. Manje uma lemimoya ihhukwe kulowoMvini, izoveza i . . .

179 Kwakuyini na? Ngenkathi umoya ufika phambi kukaJesu, lokho kwakuyinto eyiphutha ngawo, lowoMoya owawukuYe wakwembula. Niyabo? Futhi owesifazane, lapho Ukwembula, owesifazane wakwemukela, futhi wathi, "Ufanele ube nguMesiya. Siyazi ukuthi uma Efika, Uzositshela lezizinto."

180 UPetru, ngenkathi efika, o, wathi ukumangala ukuthi u-Andreya wayekhuluma ngani. Wathi, "UnguMesiya." Futhi lapho efika kuYe, Yena wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJona." Lokho kwakwenele kuye. Niyabo? Wayazi ukuthi Wayengazi ukuthi wayengubani.

181 Kodwa Uyazi ukuthi wena ungubani. Angazi ukuthi wena ungubani, kodwa Yena uyazi. Angazi lutho ngawe, kodwa Yena uyazi.

Manje, Nakhu. Manje uMoya kaNkulunkulu ulapha e-altare.

182 Manje, khona-ke, Uyazi ukuthi kukhona okwenzekile. Ulapha ngenxa yesimo sokuguliswa yimizwa. Kunjalo. Unesifo samathambo, futhi. Lelo yiqiniso. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Uyakholwa na? Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami.

183 Manje, akumnandi lokho, lokho ngempela . . . Ngiyazi ubophezelekile ukuzizwela loKho. Ngibuka kuKho. Niyabo? Njengokuthwebula okumnandi.

184 Qhabo, ngibona indoda yenyukela lapha. Ngumfowenu. Kade umkhulekela kanzima. Ngibona esencane, insizwa. Kufanele ukuthi umfundisi. Yindodana yakho. Unenkinga yokomoya. Uvela ezindleleni ezikude, ukufika lapha. Uvela eNingizimu, ufika ngalendlela. UngowaseTennessee. UnguNkk. Tabor. Buyela emuva. Usunaso isicelo sakho. UNkulunkulu ukunika sona. Uma . . .

185 Manje, angikaze ngimthinte owesifazane. UMoya oNgcwele ukwenzile lokho. Manje, lokho kuyafana. Ngabe lokho yindlela efanayo okwenzeka ngayo eBhayibhelini na? Lowo wesifazane wathi, "Kufanele ukuthi unguMesiya." Manje, lokho akusho *mina* ukuthi nginguMesiya. Lokho kusho ukuthi uMoya kaMesiya ulapha. Singabesilisa nabesifazane nje. NguMoya kaMesiya.

186 Manje, uyaKwemukela, siphulwe, phuma kulokho kungakholwa okudala, futhi utshalwe ngakuYe ngqo, niyabo, manje. Sukuma futhi uthi, "Nkosi Jesu, Wena lokhu uyiNdodana kaNkulunkulu, umPristi oMkhulu. UMfowethu Branham usanda kusho nje ukuthi Wena uhlezi koMkhulu ngaPhezulu. Wamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wena wahlatshwa, ukuletha lemiphumela; ukuthi, mina,

ikholwa eliyingxenye, lizama ukukholwa, lingenziwa ligcwale ukuba likholwe. Mangithinte ingubo yaKho. Menze akhulume kimi." Wena ukuthi . . .

187 Nina ezethamelini, shonini into efanayo. "Ngokuba uma Unguye izolo, namuhla, naphakade, Wena—Wena—Wena ngivumele ngithinte Wena ngokukholwa kwami, ngibeka eceleni yonke imicabango yokungakholwa. Mangikuthinte Wena."

188 Ngiyakholwa niphakamise isandla senu, futhi, ukuthi besiyizihambi komunye nomunye. [Udade uthi "ngikwenzile."—Umhl.] Kulungile. Manje, uma iNkosi uJesu ingembula kimi, okuthile oku—okungalungile ngawe, noma okuthize ngenye indlela, ubungakukholwa lokho, ukuthi lolayini wokuPhila, ukuthi iBandla ngempela litshalwe kuNkulunkulu. UJesu wathi, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; futhi Mina ngikini, nani nikiMi." Niyabo? Ngabe lokho kuPhila kukaNkulunkulu okugeleza kwehle ngqo eGameni likaJesu Kristu, kwehle ngqo kungene eBandleni, niyabo, kusenze sibe munye. Singamagatsha. Singabamele Yena.

189 Uma ukukholwa lokho, leyonkathazo yonyawo izokushiya. Ubungakukholwa na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa. Ngiyakholwa."—Umhl.] Kulungile. Ungaba nakho. Nomyeni wakho lapho ubengaphiliswa, naye. Uyakholwa ukuthi ubengaphiliswa, kuleloqhubu eliyisibhono na? ["Yebo."] Futhi wena, mnumzane, uyakholwa ukuthi uzophiliswa na? ["Amen."] Ehhe. Uyakholwa na? Unendodakazi, futhi. [Umfowethu uyamemeza, "O! Jesu! Jesu!"] Inomoya wenkathazo ethile yokomoya. Wena uvela eNyakatho, uza ngalendlela. ["O, eGameni lika Jesu!"] Wena wehla ngomgwaqo omkhulu. Wena uvela e-Austin. Igama lakho unguNkk. White. ["NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."] Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. ["O!"] Buyela emuva futhi ukholwe manje, futhi uphulukiswe, futhi khona-ke usinde. UNkulunkulu akunike isifiso senhliziyo yakho. [UMfowethu Branham uyama imizuzwana eyishumi nanhlanu.]

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

190 IMpilo yokuPhila kukaKristu, egatsheni. Igatsha alisilo iTabernakele likaBranham. Igatsha akusiyena uWilliam Branham. Igatsha yilowo nalowo ozosiphulwa akhishwe ekungakholweni kwakhe, futhi atshalwe kuYe.

191 Ngiyakholwa uphakamise isandla sakho ukuthi, futhi, besiyizihambi. Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Awukho lapha ngesingawe. Kungenxa yomntwana. Ngibona ukuKhanya kulenga phezu komntwana. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini engalungile ngomntwana wakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, futhi ukholwe ukuthi ngikutshela iqiniso na? Ubungakholwa. Umntwana unenkathazo yenhliziyo. Kuyinto ethile efana

nevalvu, udokotela ushilo. Kuhloliwe. Ufuna ukumthumela emtholampilo khona manje. Kunjalo. Usuka lapha eJeffersonville, phezulu lapha emgwaqweni, uFulton Street. Kodwa kunjalo. Futhi igama lakho unguNkk. Burkhart, Irene Burkhart. Buyela emuva, futhi ukholwe ngenxa yengane, izosinda.

192 "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Uma nje ukholwa!

193 Lona wesifazane ohlezi lapha naleyonkathazo yokuguliswa yimizwa. Yebo. Kukhohlwe. Yiya ekhaya, usinde manje.

"Uma ukholwa!"

194 Uphakamise isandla sakho *kanjena*, unenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa, uyakwemukela na? Khona-ke yana ekhaya futhi uphiliswe. UJesu Kristu uyakusindisa.

195 Okwakho yinso. Ngakho-ke, qhubeka, unakho okwakho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi.

196 Owesifazane oyikhaladi. [UMfowethu Branham uma imizuzwana eyishumi—Umhl.] Kukhona ababili babo. [UMfowethu Branham uma imizuzwana eyishumi.] Emuva ngqo ngemuva lapho. Isimila emphinjeni, emphinjeni. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uyakukholwa, nenekazi na? Okufana nesigqoko esincane, lapho. Uyakholwa na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yana ekhaya; kuzokushiya.

197 Kukhona owesifazane osemusha kunalokhu. Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Wena uyakholwa ukuthi Angakusindisa na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Awu, buyela emuva eNew Albany, Nkosazana Pearl Allen, futhi usinde. UJesu Kristu ukuphilisile. Hamba, ukukholwa, ungasinda.

198 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Ibandla ithi, "Amen."—Umhl.] Manje, akusikho . . . [UMfowethu Branham uma imizuzwana eyishumi.] O, kukhona nje yonke into yenzeka, phezu kwe . . . Uma nje ungakukholwa, mngani!

199 Sawubona, mnumzane? Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi lokho ebengizokutshela khona. Ubuyokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Uyakholwa ukuthi engishumayele ngakho, kulokhu ukusa, kuyiQiqiniso na? ["Yebo."] Uyakholwa. [UMfowethu Branham uma imizuzwana eyishumi.] Ulapha ngenxa yento enhle. Ulapha ukuba ususe umkhuba, lokho nguku, bhema. Ngiyabona uyakubuka, futhi uyayilahla into, futhi uyayibamba uyayiqhelisa kuwe. Kunjalo. Ungakwenzi . . . uma u . . . Lalela. Ufunela umkakho umkhuleko. Unokuthi akufane

namalumbo enzululwane. Mnu. Carlock, buyela e-Owensboro, eKentucky, lapho ovela khona. Ungathinti omunye. UJesu Kristu uyakusindisa. Hamba, eGameni leNkosi, phulukiswa.

Uyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

200 Manje bukani. Lendoda eza lapha, beka nje isandla sakho kwesami, mnumzane, lapha. Inkathazo yakho yeqolo isihambile. Qhubeka nje ubuyele emuva wedlule lapho, ubonga uNkulunkulu. Amen.

201 Ufuna ukuthola idina lakho na? Inkathazo yesisu izokushiya uma ukukholwa. Uyakukholwa na? Qhubeka ngendlela yakho. Dumisa uNkulunkulu nje, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

202 Bangaki okholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

203 UNkulunkulu akubusise. Kanjalo, futhi, ungahamba futhi udumise iNkosi. Uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

204 Unenkathazo leyo abantu abaningi onayo phandle lapha. Ngukwethuka, kwenza inhliziyo yakho iqhubeke, nenkathazo yenhliziyo. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho!

205 Phandle lapho, bangaki onenhliziyo enokwethuka nezinto na? Manje phakamisani izandla zenu ka*njalo*. Bukani phandle lapha. Ungake uze ukubize kanjani na? Niyabo?

206 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa, futhi na? Kulungile. Hamba futhi uphiliswe eGameni likaJesu Kristu. Ungangabazi nakancane, kodwa kholwa ukuthi lokho okushiwo kuwe kuyiQiniso. Kholwa ukuthi uphilisiwe. Uzoba nakho okucelile.

207 Nonke yenzani okufanayo. Bangaki omunye wenu phandle lapha abanakho na? Kulungile, mnumzane. Bangaki phandle lapho abadinga uNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu. Futhi nithi . . .

208 Bukani. Tholani lokhu. Angeke ngaphilisa noma ngubani. Ngingumuntu. Ukuba uKristu ubemi lapha, Ubengeke aphilise noma ubani kini. Yena ubeke uhlelo, futhi lolo hlelo lingukuthi: kholwa ukuthi Wakufela, ungaphiliswa ngalokho. Yileyondlela kuphela. Ngukukholwa kuphilisa. Ukukholwa! Kholwa ukuthi uKristu ukukhokhele intengo. Bangaki abaqondayo lokho manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Bangaki abakwemukelayo lokho na? ["Amen."] Kulungile.

209 Sisakhuleka, bekani izandla zenu komunye nomunye. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ngamunye khulekani.

210 Manje usungaya esihlalweni sakho, dadewethu. UNkulunkulu akubusise manje. Sindiswa! . . .? . . . Yebo. Kunjalo. Yisimo sokuguliswa imizwa, kodwa sizo—sizokushiya. Hamba wehle udabule lapho manje, ubone ukuthi lokho . . .

Uqala ukuzizwa wehlukile, awunjalo na? Niyabo? Impela. Uphilisiwe, ume khona lapha. Niqaphelile ukuthi yena uhambe wasuka kanjani isinyathelo ngaleyonkathi ngaphandle kwalokho na? Niyabo? Futhi manje usukahle. Manje usungaya ekhaya, usinde. INkosi ikubusise.

211 Manje izandla zenu zikomunye nomunye. Niyabo, asinaso isikhathi esiningi, sekucishe kube semini. Futhi banenkonzo yombhaphathizo, esekhona.

212 Impela, impela, abantu, ukuPhila kukaNkulunkulu okukhulu, uMoya oNgcwele omkhulu Ongenakuphosisa ukhombisile ukuthi Yena ukhona, ukhombisa ukuthi lokho kuPhila okuvela esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu kushaya ukushaya komthambo kakhulu ungene emagatsheni, ukukhombisa ukuPhila. Anikukholwa lokho na? Khona-ke, qhabo, angikaze ngiphilise noyedwa walababantu abakhuphukela lapha. Ukukholwa kwabo kukwenzile ngoba batshelwe okuthile okuyiqiniso. Ukube ubulapha, beKuzokwenza into efanayo.

213 Manje kinina phandle lapho, Wembula kini lokho okudingayo. Manje sisakhuleka, sonke kanye kanye, khulekani, kholwani ukuthi lonke izwi liyiqiniso, futhi nibheke ukuthi kwenzekani. Nizophulukiswa. Manje khulekela umuntu. Ungazikhulekeli wena. Khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Makuthi lowo muntu akukhulekele. Sikhulekelane. IBhayibheli liyakusho lokhu manje.

214 Lona impela iBhayibheli lathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza," lasho lokhu, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Manje, uNkulunkulu owenza isithembiso esisodwa, futhi wasigcina, uma utshalwe kulokho, ngasemifuleni yaManzi, Kuletha bonke uBukhona bukaNkulunkulu bobuNkulunkulu, sonke isithembiso, ekuxhumaneni kwakho ngqo. Ungumuthi otshalwe ngasemifuleni yaManzi awodwa. Lowo Manzi awodwa nguKristu, uMoya waKhe oNgcwele. Kukhona ukuphulukiswa. Kukhona insindiso. Kukhona ukujabula. Kukhona ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Lonke uhlobo lweziphiwo lulele ngqo kuleloGama eliyigugu elilodwa. "Noma yini eniyicela kuBaba ngeGama laMi, lokho Ngiyokwenza."

215 Manje khuleka eGameni likaJesu, wenzele umuntu obeke izandla zakho kuye. Ngizokhuleka phezu kwakho konke, ngenzele nina nonke. Makuthi uMoya oNgcwele, okhona manje, uphilise wonke umuntu.

216 Nkosi, sizocela ukuthi umusa waKho uzoqhubeka nathi. Yilowo nalowo uzikhulekela ngendlela yakhe uqobo owesilisa noma owesifazane. Bawubonile uMoya kaNkulunkulu ophilayo wenziwe waba ngokoqobo njengalokhu Wawunjalo eGalile.

Njengoba nje Wawunjalo ngenkathi uPetru efika lapho ngasogwini lwaseGalile, futhi uJesu wamtshela ukuthi wayengubani. Futhi nje ngempela njengoba kwakunjalo ngenkathi uNathanayeli efika, futhi Wamtshela ukuthi wayekuphi kuthangi. Ngempela nje njengoba kwakunjalo esangweni laseSamariya, noma emthonjeni. Impela abantu babengathi, "Lona nguMoya kaNkulunkulu ophilayo."

217 Nkosi, sinikeze ukukholwa nobukhona bengqondo, noBukhona bukaMoya oNgcwele, ukuthi ngamunye, akhuleke, angahle akhulekele omunye, umkhuleko wokukholwa. Ngiyacela manje, Nkosi, kulabo abanezandla zabo komunye, ukuthi Uzobanika ukukholwa okungaguquki, khona manje kwalowomuntu. Futhi, kusobala, lokho kuzoba nomphumela emuva kubo. O, makube njalo! Nkosi Nkulunkulu, makube njalo. Singahle sibalethe, ngamunye ngamunye, banqamule emsamo, ngomphumela ofanayo; kodwa noma kunjalo kuzothatha ukukholwa, ukukholwa kumuntu ngamunye, ukuba akholwe nguNkulunkulu. Futhi kulotshiwe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda."

218 O Nkosi, gcina isithembiso saKho kulokhu ukusa, kulo lonke ikholwa. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele njengamanje ungangena emizimbeni yalababantu abagulayo, futhi ususe konke ukugula nezifo. Kwangathi kungaba khona ukuqinisa okunjalo kwakho kuze kuthi izinhliziyo zalabobantu zizogxunyiswa yinjabulo, zikholwa ukuthi uNkulunkulu ubasindisile. Kwangathi bangahamba besuka kulelitabernakele, becula futhi bethokoza, futhi bekholwa ukuthi uNkulunkulu ubaphilisile. Kwangathi bangabuya ngolunye usuku, bejabule, bethokoza, befakaza, njengoba amakhulu engafakaza namhlanje emhlabeni jikelele, ngaMandla aKho aphilisayo. Lomkhuleko siwusho phezu kwalababantu, sicela ukuthi kubenjalo, eGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Kwangathi ukuKhanya kukaNkulunkulu kungaqhuma futhi kubaphilise bonke. Amen.

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

Uyakwenza na? Phakamisa isandla sakho.

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kholwa lokho.

219 Bengiyovakashela izindlu zabantu, futhi bebeyongiphekela idina elimnandi. Bafanele bangibilisele inkomishi yamanzi

ashisayo, futhi bangihlalise phansi ngasesojeni lebhali elincane; bona nazo zonke izinhlobo zezinto ezinhle etafuleni. Ngelinye ilanga ngathi eNkosini, “Ng’yakholwa. Ng’yakholwa.” O, he! Ngehla ngomgwaqo nomthamo wami wokuqala wokudla esiswini sami, ngicula.

Ng’yakwazi, ng’zokwenza, ng’yakholwa;

Kwakuzama ukukhuphuka; ngangikuphushela emuva.

Ng’yakwazi, ng’zokwenza, ng’yakholwa;
Ng’yakwazi, ng’zokwenza, ng’yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

220 Yebo. Lokho sekube yiminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule. Yena ube ngowangempela kimi kusukela lapho. Ngiyabonga kakhulu ngakho. Kwangathi kungaba yinto efanayo kuwe. INkosi ikubusise.

221 Manje bazoba nenkonzo yombhaphathizo, emizuzwini embalwa nje, ngiyakholwa; ya, lokho ngukuthi, uma bekhona abanye lapha abazobhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu. Uma bekhona abantu abanjalo, ngakho-ke sizokwazi noma sikhiphe izethameli noma—noma sizibambe nje kancanyana, ningaphakamisa izandla zenu uma othile ezobhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu. Oyedwa, ababili, abathathu, abane. Kulungile. Uma abesifazane bezoya ngakuloluhlangothi *lapha*, nabesilisa *ngapha*, ukulungiselela, uma nithanda. Ngenkathi sisaphinda sicula: “Ngi . . . ”

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org